# INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO U-P451 KWAHLABISA NGOLWESIHLANU MHLAKA 18 MARCH 2011

Mphathi wohlelo;
Ozakwethu kwiKhabhinethi yaKwaZulu-Natal uDinangwe noMacingwane;
Amalungu eSishayamthetho akhona;
Amakhosi aseNdunkulu;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zeminyango zonke ziholwa iziNhloko zemiNyango;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo eminyangweni kaHulumeni;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi nanamhlanje sesiphinde sathola ithuba lokuhlangana nomphakathi walapha KwaHlabisa namaphethelo sizokuthi halala ngentuthuko abantu balapha abangasayizwa ngendaba kodwa asebeyibona ngamehlo.

Thina-ke eMnyangweni wezokuThutha kuwumkhuba wethu ukuthi uma sihambele imicimbi enjengalona sisho kanye nawo umphakathi njengoba nalapha sisho sithi halala Hlabisa halala! Halala hluhluwe halala! Halala Mtubatuba halala!

Ngithi sibonga ukuthi sesiphinde sathola ithuba nje, yingoba phela akukapheli zinyanga ezingaki njengoba ngo-December 14 besikhona lapha KwaHlabisa sizovula umgwaqo u-P235 osuka laphaya eMtubatuba ubheke KwaNongoma, nakuba mina ngangimelwe uzakwethu uNgqogqoshe uMabuyakhulu ngalelo langa ngokujutshwa nguNdunankulu.

Njengoba ngichaza kanjena nje ngizama ukuveza engihlale ngikusho nakwezinye izindawo esizihambelayo ukuthi uma sivula umgwaqo sisuke singachazi ukuthi sesiyahamba kodwa sisuke senza uphawu lokuthi kukhona okunye osekumele sikulethele umphakathi walapho. Siyajabula-ke ukuthi namhlanje nani lapha seningofakazi balokho.

Ngikusho lokhu ngibe ngazi kahle ukuthi izindawo zangapha koHlabisa noHluhluwe zingezinye zalezo ezisasilele emuva ngengqalasizinda, lapho kusenezindawo eziningi ezingadingi nje ukufakelwa itiyela noma inkwali emgwaqeni, kodwa ezidinga kwawona uqobo umgwaqo ngoba abantu basahamba amabanga amade endleleni yesiZulu (njengoba ivame ukubizwa kanjalo).

Manjena-ke njengoHulumeni onakekelayo oholwa nguMsholozi kuzwelonke ongowakhona lapha KwaZulu-Natal kanye noHulumeni oholwa nguKhabazela lapha esifundazweni, asikwazi ukungayenzi imizamo yokuthi kube nomehluko ezimpilweni zenu.

Phela thina yinto esiyaziyo, ngaphansi kwalobu buholi esengibushilo, ukuthi uma izimali zingafinyeleli emiphakathini emazingeni aphansi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu – abayiningi lezakhamizi nabavoti bethu – kuyobe njengoHulumeni sehlulekile emsebenzini esithunywe wona ngabantu baseNingizimu Afrika.

Siyazi futhi ukuthi amabhuloho nemigwaqo yikona okuyisisekelo sokwenza ngcono impilo yabantu bakithi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. Kulabo abayizwile nje inkulumo kaMongameli ayethule esizweni, bamzwile naye egcizelela ukuthi akumele umuntu wasemakhaya akuthole kunzima ukuya emtholampilo nasesikoleni kodwa owaselokishini nasedolobheni kube yinto elula nje bebe bobabili benevoti elifanayo.

Kodwa-ke kunamaqiniso okumele sibuye siwaveze uma sicacisa ngokuzibophezela nokufeza lezo zibophezelo kulo Hulumeni. Lapha ngiqonde ukuthi kuyiqiniso phela ukuthi ezinye zezinselelo ezibhekene neKwaZulu-Natali kudingeke zithi ukulinda zaze zaqala ukuthi kubhekwane nazo ngonyaka ka-2004 ngenkathi lo Hulumeni oholwa i-ANC uthatha izintambo esifundazweni.

Kodwa-ke siyanibongela futhi ukuthi nagcina senibona ukuthi ngubani okumele ahole uHulumeni wenu esifundazweni. Nakuba silikhalela leliya shumi leminyaka enalilahla, kodwa siyabonga ukuthi kule minyaka eyisithupha esenisinike yona abantu abaningi sebephumele obala basho ukuthi sebeyawubona umehluko.

Esihlale sikucela nje emiphakathini yakithi ngukuthi isibekezelele. Ningakhohlwa ngukuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda. Ngakho-ke uma singakafiki kuwena kumele wazi ukuthi yingoba sisabambeke kwenye indawo nayo efana neyakho.

Kodwa okunye futhi okumele sikugcizelele yilokhu kokubambisana kohulumeni basekhaya nowesifundazwe. Inkinga esesiyitholile kwezinye izindawo ngukuthi intuthuko ibanjezelwa ngukuthi amakhansela awafuni ukuxhumana nesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani. Kuyacaca ukuthi kusekhona abantu abangakaqondi ukuthi uHulumeni okhethwe ngentando yeningi waba semthethweni usuke sekungowakho noma ngabe awuholwa yiqembu lakho.

NgolwesiBili nje bengiyokhuluma indaba yomgwaqo odinga ukulungiswa ngapha eCornfields phakathi kwe-Estcourt neColenso. Ngenkathi ngixoxisana nomphakathi ezinye zezinto ezivelile ngukuthi abantu bagugelwa izindlu ngokushesha ngenxa yomuhlwa kuleya ndawo. Uma ngibuza ukuthi kwagcinaphi ngohlelo lwezindlu olwaluhlongozwe kusaphethe uMabuyakhulu kwezeZindlu, kuvele ukuthi kwathi

kuzokuba nomhlangano naboMnyango weZindlu kwavukwa ekuseni endaweni okuzohlanganelwa kuyona sekubhalwe ukuthi asizifuni izindlu zenu. Lwabhuntsha kanjalo-ke uhlelo.
Manje konke lokhu kwenza ubone ukuthi umphakathi usuyahlupheka ngenxa yokubangisana esikhundleni sokubambisana ngokuthi ngubani oletha intuthuko. Nani lapha siyanixwayisa ukuthi uma nibangisana njalo intuthuko iyohlale ihambela kude nani.

Namhlanje-ke njengoMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni sesizibophezele ekufakeni itiyela emgwaqeni uP451 ongu-48 km ubude. Imali esiyifake kulo msebenzi ingu-R238 million. Sithanda ukubongela kakhulu imiphakathi yamakhosi eyaKwaHlabisa neyaKwaMdletshe ezosizakala lapha ngokufinyelela kalula esibhedlela KwaHlabisa, eSomfula High School, eNhlwathi Clinic nakwezinye ezikhungo zosizo.

Umgomo wethu uyaziwa-ke ukuthi njalo uma siletha imisebenzi enjengalena sisuke sivula namathuba emisebenzi kubantu bendawo. Nalapha-ke sifuna abantu bamaKhosi alapha kube yibona abathola amathuba emisebenzi. Uma kunempahla yokwakha umgwaqo etholakalayo endaweni kumele ithengwe khona futhi kosomabhinisi bendawo.

Lo msebenzi uyingxenye yama-project esilokhu siwaletha ngaphansi kwesiyingi saseHluhluwe kusukela ngonyaka wezimali ka-2009/10 kuze kube u-2011/12, imali esiyifake kuwona enguR435.85 million. Le misebenzi amathuba emisebenzi amaningi kwathi nezinye izinkampani zokwakha zagcina seziqashe abantu ngokuphelele ngenxa yokuzinikela kwabo emsebenzini. Leyo yinto esizigqajayo ngayo ukuthi niwathathela phezulu amathuba aqhamuka noHulumeni enamkhethayo.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba, njengoNgqongqoshe obhekele nezokuPhepha kulesi sifundazwe, ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni loHulumeni baseKhaya, kumele nazi ukuthi phela kunezinselelo esibhekana nazo ezweni lethu njengoba kunamaqembu aphikisanayo kwezepolitiki.

SiwuHulumeni-ke sithi singabhekana kalula nazo lezi zinselelo uma ukusebenza kwethu kuhlale njalo kuqhakambisa ukuthula, intando yeningi nentuthuko. Angeke kube nentuthuko uma kunezimpi.

Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu nguyena okumele nibhekane naye ngoba kusho ukuthi akayifuni intuthuko. Masihlangane singumphakathi silwe nabo bonke ububi endaweni yethu okuhlanganisa nabo bonke obunye ubugebengu.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga**